# Soek jy 'n fantastiese tutor?

www.teachme2.com/matriek

Byeengebring deur

teachme2

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

## IBANGA LE-12

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESIBILI (P2)**

**NOVEMBA 2022**

**UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA**

**AMAMAKI: 70**

**Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi ayi-28.**

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek



**UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA:**

- Ohlolwayo akufanele aphendule imibuzo engaphezulu kowodwa ngohlobo olufanayo lombhalo.
- Uma umfundi enikeze izimpendulo ezimbili, maka eyokuqala bese ungayinaki elandelayo.
- Uma izinombolo zezimpendulo zingahleliwe ngendlela efanele, maka ngokwememo.
- Uma iphutha lesipelingi liphazamisa umqondo, ayingamukelwa leyo mpendulo. Uma lingawuphazamisi umqondo, ayamukelwe impendulo.
- Uma ohlolwayo engabasebenzisi onokucaphuna lapho kuthiwe akacaphune khona, ungamjezisi ngalokho.
- Emibuzweni evulekile, akunganikwa mamaki ngoYEBO/CHA noma NGIYAVUMA/ ANGIVUMI. Kanjalo futhi akukho mamaki okumele anikezwe ngoYIQINISO/ AKULONA IQINISO noma UMBONO/IQINISO. Kumele kugxilwe kulokhu okwesekelwa ngakho impendulo.

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek



## ISIQEPHU A: INOVELI

## UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa

### ISIQESHANA A

1.1 Iphepha elibomvu.√/Imali √ (1)

1.2 Ezitimeleni zamanzi/emkhunjini eThekwini.√ (1)

1.3 Ezimbili.√ (1)

1.4 UZondiwe wathembisa ukuthi useyothi uma esehla ephindela eThekwini, adlule ngaseMpangeni abone umzawakhe uSandanezwe owayesebunzimeni.√√ (2)

1.5 Wahamba ephindela ekhaya inhliziyo yakhe ibuhlungu idangele ngomzawakhe uSandanezwe. √√ (2)

1.6 UNomgedla wafakela uNokulindela umuthi wentando ayewunikezwe nguZabalaza.√√ (2)

1.7
- Umama kaSandanezwe wayebona ukuthi abelungu bazovele bamchithe bathi ubengalethwa ngani kubo esaphila.√
- Wayesaba ukuthi abelungu bangahle bambophe uSandanezwe uma bethola ukuthi unjenje kanti weqa nasesibhedlela. √
- Umama kaSandanezwe wayekholelwa ukuthi indodana yakhe ingaluthola usizo kubathandazi. √
- Wayengabathembi odokotela ngoba bahluleka ukuthola ukuthi uSandanezwe uphethwe yini. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.8 Wemukeleka kahle:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UFohlela owayebhekana nabafikayo kwaMbeje waxoxisana naye wamnika ithemba lokuthi uzosinda.√/
- Bamlethela ukudla bamnika nendawo yokulala.√/
- Akalindanga isikhathi eside ngaphambi kokuba abonane nenyanga uNonkamfela.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

1.9 Izithuthi zomphakathi√/izimoto√/amatekisi.√ (1)

1.10 Yebo ngiyavumelana:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Umlandi kule noveli uyazi ukuthi umlingiswa ngamunye ucabangani nokuthi uzizwa kanjani.√/
- Usilandisa ngezehlakalo ezenzeka ezindaweni ezehlukahlukene yena angekho kuzo. √/
- Umlandi kule noveli uthathe isimo somuntu wesithathu, iso lakhe libona konke okwenzekayo endabeni ngoba phela umi eceleni, akazitholi eyingxenye yabalingiswa bendaba.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek



1.11 1.11.1 Uvuthondaba lutholakala ngesikhathi uSandanezwe eselashwa kwaMbuyisa sekucaca ukuthi ngeke asinde ngoba ukugula kwakhe kwakubhebhetheka kuya phambili kunokuthi kube ngcono.√√ (2)

1.11.2 Isisusa sodweshu kwaba ukweqa kukaSandanezwe esibhedlela.√√/Ukugula kukaSandanezwe ephethwe ukufa okungaqondakali. √√ (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA B**

1.12 Wayemagange efuna ukuphakamisa igama lakhe kanye nezinye izinyanga ukuthi asikho isifo esehlula izinyanga ngisho sesibehlulile odokotela.√√ (2)

1.13 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UNonkamfela utshela uSandanezwe ukuthi into esisele futhi ezoba nzima ukuthola isitho somuntu wesifazane.√/
- Wayenethemba lokuthi amadlozi akubo azomelekelela ukuze athole lesi sitho somzimba.√/
- USandanezwe wathi into okumele yenzeke ukuhlala ethembeni.√/
- UNonkamfela wathi into engenza isiguli singalapheki ukuthi loyo muntu owelashwayo kuyenzeka abe nedlozi elibi elivalayo lingafuni elashwe.√ (2)

1.14 1.14.1 D√

1.14.2 C√

1.14.3 B√

1.14.4 A√ (4)

1.15 Imiyalezo EMIBILI kwelandelayo:

- Abantu kumele bakwamukele ukuthi kukhona izifo ezidanjiswa odokotela kuphela, njengoba uSandanezwe eqa esibhedlela waya enyangeni wangabanika ithuba elanele odokotela lokumsiza badambise isifo esasimphethe.√/
- Abantu kumele bakubone ubumqoka bokuthi baziphathe kahle kwezothando ukuze baphephe ezifweni, uSandanezwe wayethandana nezintombi eziningi ngesikhathi esisodwa esasebenza eThekwini.√/
- Izinyanga kumele zithembeke zisho uma zingeke zikwazi ukwelapha izifo ezithize, zinganikezi iziguli ithemba elingekho njengoNonkamfela okwathi noma esehlulekile ukwelapha uSandanezwe wathi akahambe ayohlabela abakubo abangasekho.√/
- Sesifikile isikhathi sokuthi isenzo sobusoka singashayelwa ihlombe kodwa sibukeke njengento eyingozi emphakathini njengoba kwakuhlawumbiselwa ukuthi uSandanezwe uphethwe isifo sengculazi. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek



1.16 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Ngangingamtshela ukuthi akusaphephile ukuqonywa yizintombi eziningi ngenxa yezifo zocansi esezigcwele izwe lonke.√/
- Ngangingamtshela ukuthi kumele athembeke kuNokulindela, ingoduso yakhe.√/
- Ukuthandana nezintombi eziningi kungamdalela izitha eziningi. √/
- Ngangiyomtshela ukuthi izintombi eziningi zithanda imali ngakho-ke wayezogcina esechitha imali eningi ethokozisa abantu besifazane ahlekisana nabo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

1.17 Ngiyazwelana nabo ngoba ...
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Umndeni wakwaMchunu wethuka ngesikhathi ubona indodakazi isihhema, imemeza kuhle komuntu ohanjelwa ingqondo.√√/
- Kwaze kwasa umndeni wakwaMchunu ubhekile ngenxa yesimo uNokulindela ayekuso. √√/
- UMaZikalala waze waquleka ngenxa yovalo ebona ukuthi indodakazi yakhe izophelela ezandleni zakhe.√√/
- Wayeyingane eyodwa kwabo. √√/
- Ukwelapha kuyabiza. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)
**[35]**

**NOMA**

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek



**UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu**

**ISIQESHANA C**

2.1 Uxolo babengalwenzi ngaphambi kokuphindela emsebenzini.√ (1)

2.2 Epulazini likaGeorge/ eGreytown√/eMdlovana√ (1)

2.3 Ezinhlanu.√ (1)

2.4 OKUBILI kwalokhu:
- Ummese
- Untshumentshu
- Isibhamu (2)

2.5 Wafika ekuseni sekukhona ababe sebefile, sekugcwele ezakwadalawane emagcekeni ehostela.√√ (2)

2.6 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Abantu bakwaMavundla lapho kuholwa khona impesheni babengenaso isineke sabantu abahluphekayo.√√/
- Abantu ababebhalisa abantu abadinga impesheni babefuna ukuthi umuntu aqale agwaze ngaphambi kokuthi athole usizo, uManyoba wayengasenayo imali yokugwazela lezi zisebenzi ezikhohlakele.√√ (2)

2.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayesaba ukuthi izigilamkhuba kungenzeka zimenzakalise ngoba zazimbonile.√/
- UManyoba akazange ababone ebusweni abenzi bobubi ngoba wayesabela impilo yakhe engafuni ukuzinika isikhathi sokuthi ababukisise kahle.√/
- Wayengeke akwazi uManyoba ukuba ngufakazi othembekile enkantolo ngenxa yokuthi wayengeke akwazi ukubakhomba abenzi bobubi.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.8 Wemukeleka kahle:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Izinsizwa zangakubo zamnikeza indawo yokufihla ikhanda.√/
- Izinsizwa zangakubo zazimnika okuya ngasethunjini ngesikhathi engakawutholi umsebenzi.√/
- Izinsizwa zangakubo zamtholela umsebenzi.√ (2)

2.9 Izibhamu ezingekho emthethweni.√ (1)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek



2.10 Yebo ngiyavumelana:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Umlandi kule noveli uyazi ukuthi umlingiswa ngamunye ucabangani nokuthi uzizwa kanjani. √/
- Usilandisa ngezehlakalo ezenzeka ezindaweni ezehlukahlukene. √/
- Umlandi kule noveli uthathe isimo somuntu wesithathu, iso lakhe libona konke okwenzekayo endabeni ngoba phela umi eceleni, akazitholi eyingxenye yabalingiswa bendaba. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.11 2.11.1 Uvuthondaba lutholakala lapho uManyoba esethatha isinqumo sokubuya ePitoli ayosebenza emakhaya.√√ (2)

2.11.2 Isisusa sodweshu kwaba ukuhlukumezeka kwabantu ababehlala emapulazini besebenza isithupha.√√/Ukweqa kukaManyoba epulazini likaGeorge ayosebenza eGoli.√√ (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA D**

2.12 Umseshi wayezothola ukuthi le ndoda yayingeyena ubaba wangempela kaCeli.√√ (2)

2.13 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wasuka umseshi ngemoto yakhe waya kubo kwentombazane. √/
- Umseshi wafica ubaba thizeni ehleli emnyango efunda iphepha. √/
- Babingelelana umseshi kanye nale nsizwa endala eyayihleli emnyango.√/
- Umseshi wayibuza insizwa endala ukuthi ingubaba kaCeli ngempela yini.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

2.14 2.14.1 D√

2.14.2 C√

2.14.3 B√

2.14.4 A√ (4)

2.15 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Umzali unesibopho sokukhulisa ingane, ayondle, ayifundise esikoleni futhi ayilungisele nendawo yokuhlala njengoba uManyoba azifundisa zonke izingane zakhe zabafana. √/
- Akuwona umsebenzi womzali ukuyenzela izinto ingane noma isindala isisebenza isinawo amandla okuzenzela njengoba uManyoba alobolela amadodana akhe. √/
- Kumele abantu bazibekele imali yomhlalaphansi ngesikhathi besasebenza, njengoba uManyoba ayesebenza eGoli kodwa wangazihlinzekela ngomhlalaphansi. √/
- Omakoti kumele bafunde ukuphatha kahle omamezala kanye nobabezala hhayi njengoba uMaNene ayehlukumeza umamezala wakhe. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek



2.16 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Ngangizomtshela ukuthi mina ngakhulela emzini okholwayo impilo yami yonke ngakho-ke kuzoba lukhuni ukuthi ngehlukane nezwi leNkosi.√/
- UMthethosisekelo uyabavumela bonke abantu ukuthi bakhonze ngokukhululeka uma nje bengeke baphazamise abanye abantu.√/
- Ngangizomtshela ukuthi umuzi owethu sobabili ngakho-ke akanalo ilungelo lokuthatha izinqumo ngaphandle kokubonisana nami.√/
- Ngangizomtshela ukuthi ngizocela umama ehlise izwi ngesikhathi ethandaza ukuze angaphazamisi muntu.√/
- Ngangiyomtshela ukuthi ngizocela umama athandaze ngenhliziyo ukuze engeke aphazamise abanye abantu.

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

2.17 **Ngiyazwelana naye ngoba** ...
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Wonke umuntu unelungelo lokufunda ukuze akwazi ukumelana nezidingo zempilo yesimanjemanje.√√/
- Waphuthelwa ithuba lokuthola umsebenzi ohloniphekile.√√/
- Akakwazanga ukusiza abazali bakhe ngesikhathi sebehluphekile ngoba wayengenawo amandla.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu**

**ISIQESHANA E**

3.1 Wayeshintsha izingubo zokugqoka.√ (1)

3.2 Ingutshana elulwelwesi elula.√/ ingutshana eyayikuveza konke ayekuqgoke ngaphansi.√/ amabele engasawabophile. √ (1)

3.3 Wayengenangane.√ (1)

3.4 Wagaxa isandla phakathi kwamabele.√√ (2)

3.5 'Kukuwe mngani wami. Uma ubona ukuthi awuzukuzifaka enkingeni ngokusondelana nami, mina ngikhululekile ...' (2)

3.6 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Isenzo sikaBhekani sokuthandana noTholakele sasimcasula kakhulu umama wakhe ngoba uTholakele wayengumfelokazi. Umama KaBhekani wayefuna ukuthi uBhekani athole umfazi ohloniphekile ozomgana.√√/
- Okunye okwakudina umama kaBhekani ukuthi lesi senzo sikaBhekani sokuthandana nomfelokazi sasizokwenza ukuthi ubaba kaBhekani abe nolaka kakhulu.√√/
- Abantu bahlebela umama kaBhekani ukuthi uTholakele udayisa izidakamizwa.√√/
- UTholakele wayengafundile, akwaziwa kahle nemvelaphi yakhe.√√/
- UTholakele wayemdala kunoBhekani.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek



3.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Wayekholelwa ukuthi uPamella nguye owenza ukuthi uTholakele enze izinto ezibheke eceleni.√√/
- Wababona bemuncana amabele lokhu kwamenza wabona ukuthi kuningi ukungcola okubahlanganisile**.** √√/
- Ngolunye usuku wabafica bebala imali eningi angazange azi ukuthi bayithathephi. Ngalolu suku uBhekani wabona ukuthi ngeke kulunge ashade noTholakele uma esengumngani noPamella.√√/
- Wayekholelwa ukuthi uma engaxosha uPamella uTholakele angaba umuntu. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.8 Wemukeleka kahle ngoba ...
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Umama kaBhekani kwamjabulisa kakhulu ukufika kukaLindiwe.√/
- UBhekani wakwamukela ukuxolisa kukaLindiwe.√/
- Wayephatheke kahle kubo kaBhekani ngoba wahlala izinsukwana khona waze waphoxwa ukuthathwa yimoto ebomvu.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

3.9 Indawo yokuphekela. √/Isitofu. √/Emlilweni√ (1)

3.10 Yebo ngiyavumelana:
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Umlandi kule noveli uyazi ukuthi umlingiswa ngamunye ucabangani nokuthi uzizwa kanjani. √/
- Usilandisa ngezehlakalo ezenzeka ezindaweni ezehlukahlukene. √/
- Umlandi kule noveli uthathe isimo somuntu wesithathu, iso lakhe libona konke okwenzekayo endabeni ngoba phela umi eceleni, akazitholi eyingxenye yabalingiswa bendaba. √/

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) **(**2)

3.11 3.11.1 Uvuthondaba lutholakala ngosuku lomshado sebesesontweni ngesikhathi sekuboshwa umakoti/kulindwe umakoti esontweni.√√ (2)

3.11.2 Isisusa sodweshu kwaba iphupho likaBheki ephupha ubaba wakhe osewashona emtshela ukuthi akashade ngokushesha.√√ (2)

**KANYE**

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek



**ISIQESHANA F**

3.12 Ulaka lukayise kaBhekani osewashona owayengahambisani nokuthi indodana yakhe ishade nomfelokazi. √√ (2)

3.13 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- UBhekani wayenamahloni okugaxana noTholakele phambi kwabantu bomphakathi.√/
- UTholakele wayengayiboni inkinga ngokubambana kwakhe noBhekani.√/
- UBhekani yayimxaka le ndaba yesibindi sikaTholi kodwa aziqinise. Bahambe uTholi abuye amgaxe uBheki.√/
- Yize uBhekani wayesekubeke kwacaca ukuthi akathandi ukuthi babambane phambi kwabantu kodwa uTholakele waqhubeka nokumgaxa.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

3.14 3.14.1 D√

3.14.2 C√

3.14.3 B√

3.14.4 A√ (4)

3.15 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Kuhle ukwethembeka kwezothando, uBhekani wayethandana noLindiwe noTholakele ngesikhathi esisodwa.√/
- Kumele umazi kangcono umuntu ngaphambi kokuba ucabange ukumshada njengoba uBhekani alobola uTholakele engabazi abantu bakubo, engakaze aze aye kubo.√/
- Abantu besilisa akumele bakhulelise izingane zabantu bese beyazilaxaza, uBhekani wenza into embi ngokukhulelisa uLindiwe bese emshiya nengane ashade noTholi angenangane naye.√/
- Abantu uma belobola kumele balandele yonke imigudu elandelwayo ngoba uma bengakwenzi lokho bayohlangabezana nobunzima, uBhekani walobolela emjondolo, elobola umfelokazi.√/
- Ubugebengu abubuyiseli futhi konke okubi umuntu akwenzayo ekugcineni kuyavela.√
- (Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek



3.16 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Ngangiyomtshela konke engikwaziyo ngoba abangani beqiniso abafihlelani izinto, ngangiyomtshela ukuthi intombi yakhe iwumfelokazi owabalekela ukungenwa.√/
- Ngangiyomtshela ukuthi intombi yakhe idayisa izidakamizwa ngakho-ke ukuqhubeka nokuthandana nayo kwakuzomfaka enkingeni.√/
- Ngangiyomtshela engikwaziyo ngemvelaphi kaTholakele.√/
- Ngangiyomtshela ukuthi uBhatomu uyingozi ngakho-ke kumele amqaphele ngeso lokhozi. √/
- Ngangiyomtshela ngobungani phakathi kukaTholakele noPamela. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (3)

3.17. Ngiyazwelana ngoba:
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Baphoxeka emphakathini ngosuku lomshado ngesikhathi kuboshwa umakoti.√√/
- Umndeni wazama ukumbonisa uBhekani kodwa kwanhlanga zimuka nomoya lokhu okwaphetha ngokuthi isithunzi somndeni sidicileleke phansi.√√/
- Kwamosheka imali kaBhekani elobola isigebengu esinguTholakele.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek



**ISIQEPHU B: UMDLALO**

**UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi**

**ISIQESHANA G**

4.1 Ujatshuliswa ukuthi useyinkosikazi yekhansela.√/UDuma usehola imali eningi.√/UDuma useyakhulekelwa.√ Amakhosikazi endawo asembingelela sengathi uyinkosikazi yenkosi. √ (1)

4.2 "Nifana ncimishi nezingane".√/ "Nina bafazi nijatshuliswa ubala" √ (1)

4.3 Uthi yena wakhethwa ngabantu.√√/Nguye olawula intuthuko yasendaweni. √√ (2)

4.4
- Wayekhathazwa ukuthi inkosi uShandu ayeneme ngaye.√
- Wathi uzwa ngabantu bethi inkosi uShandu ithi uDuma usecabanga ukuthi uyinkosi yendawo.√ (2)

4.5 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- UDlamini wayeyinduna yenkosi uShandu. √√/
- Babezwana kakhulu inkosi uShandu noDlamini. √√/
- UDlamini wayeyindoda ehloniphekile emphakathini.√√ (2)

4.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Inkosi uShandu ikholelwa ekuthini iyona yodwa okufanele ihole abantu ngoba ilungelo layo lokuzalwa. √ /
- Akakholelwa ebukhoneni bamakhansela ukuthi nawo anamandla okuphatha futhi akhethwe ngentando yeningi. √/
- Ukungena kwetiyela kuzobulala izinselo zezinkomo. √/
- Ugesi uzoxhopha imfuyo.√
  (Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Kwakwenziwa ukuthi bobabili babenamakhanda aqinile. √√/
- UMbandlwa wayezitshela ukuthi yena wazi kangcono njengomuntu osekela ikhansela elavotelwa.√√/
- Babesabambelene amagqubu. √√ (2)

4.8 Kwaba nomthelela omuhle;
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Ukushona kukaMbandlwa noDlamini, okuyibona ababengamashoshozela, kwenza ukuthi kube nokuthula nenhlalakahle phakathi kwenkosi nekhansela kanye nomphakathi wonkana.√√/
- Akuzange kusabakhona iqeqebana elilandela uhlangothi lobuholi obuthile.√√ (2)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek



4.9 OKUKODWA kwalokhu okulandelayo:

- Simveza njengomuntu oqotho nowethenjwa abantu, √ ngoba inkosi yakhetha yena ukuthi afunde incwadi.√/
- Simveza njengomuntu onesibindi, √ ngoba wakwazi ukuhlanganisa abantu akade bengaboni ngaso linye.√/
- Simveza njengomuntu oluthandayo uxolo √ ngoba wafika wenza njengoba etsheliwe, wakwazi ukwenza ukuthi abantu baxolelane.
- Simveza njengomuntu okwaziyo ukuhlonipha isikhundla somunye umuntu ngoba walalela ngesikhathi ethunywa yinkosi. √ /
- Simveza njengomuntu owuthandayo umphakathi wangakubo √ ngoba wayengathandi ukuwubona udicilileka phansi ngenxa yempi. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

4.10 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Ngesikhathi kufika uDuma esiteshini samaphoyisa uSayitsheni akazange amyekelele, kodwa wameluleka ukuthi akabhekane nezinkinga ayeziqalile nayesezifake kuzo.√/
- Wazama ukuthi ubutha obabukhona phakathi kwenkosi uShandu noDuma buxazululeke ngokuthula.√/
- Wazamela uDuma indawo ayezohlala kuyo kuze kudambe isimo.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

4.11 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Basekhona abantu emakhaya abangakafundiseki/abangakayamukeli intando yeningi.√/
- Amanye amakhosi asabambelele futhi athembele ezinduneni zendawo kunokwethemba amakhansela.√/
- Ezombusazwe zinawo umthelela ezindaweni zasemakhaya, abantu abawathembi amakhansela, abafuni ngisho ukuvota.√/
- Zisekhona izinduna ezigqugquzela abantu ukuthi bangasebenzisani namakhansela.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA H**

4.12 Wayengunobhala wekhansela uDuma. √ (1)

4.13 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Usuku lokuqala lokubamba umhlangano womphakathi obizwe yikhansela uDuma.√/
- Abantu bangena ekilasini lesikole okwakubanjelwe kulo umhlangano.√/
- UDuma wayezitshela ukuthi abantu bazojabula uma bezwa ngentuthuko ayezoyiletha kubo.√/
- UMbandlwa wakhombisa ukumethemba uDuma ngokungalilahli ithemba.√/
- UMbandlwa wavula umhlangano ngomthandazo.√ (3)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek



4.14 Inkosi uShandu nekhansela uDuma bagcina besebenza ngokubambisana, njengoba inkosi uShandu yanikeza uDuma indawo ayezosebenzela kuyo.√√ (2)

4.15 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wabiza umhlangano ngesikhathi esefuna ukwethula izinhlelo zentuthuko.√/
- Wayenezinhlelo ayesenazo ayezozenza ukuthuthukisa umphakathi njengoba ayezokhuluma ngendaba yamanzi, ugesi nomgwaqo.√/
- Wayethumela uMbandlwa uma kukhona adinga ukukusho enkosini, engaziyeli yena ngoba azi ukuthi inkosi ayihambisani nokukhethwa kwakhe.√/
- Wayenameka izaziso zomhlangano. √/
- Waya eThawini eyofuna izeluleko eMnyangweni wezaMakhosi.√

(2)

4.16 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Waqale waduma emphakathini kwaba khona abamhloniphayo.√/
- Waba nezwi/nesikhundla ekubusweni kwendawo.√/
- Waba nyamanambana emphakathini ngokweseka uDuma.√/
- Kwaholela ekutheni uMbandlwa ashaywe yinduna uDlamini.√/
- Wagcina ngokuthi ashone ebulawa ngamalungu omphakathi.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

4.17 Izimpendulo ziyokwehluka.
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
**Abazwelana naye bayothi:**
- Kwaba buhlungu ukubona abantu befa nemizi isha endaweni yakhe.√/
- Inkosi uShandu yayinesikhundla esiyilungelo lakhe lokuzalwa.√/
- Kunzima ukwamukela ushintsho uma usumdala.√/
- Wayenza imizamo yokubiza uDuma kodwa uDuma angezi, emedelela, engamnikezi indawo yakhe.√/
- Wayengazi nokuthi lolo shintsho ngabe luza nani.√/
- Wayebona isithunzi sakhe sihuduleka phansi ngenxa yokungahlonishwa.√/
- Wayengasakwazi ukulawula ngempumelelo indawo ayeyiphethe.√

**Abangazwelani naye bayothi:**
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Kwakufanele alalele ukuthi ikhansela labe lihlose ukwenzani endaweni bese eleseka.√/
- Kwakufanele ahambisane nezikhathi, uma kuba noshintsho ezweni, naye kwakumele azilungiselele ukushintsha.√/
- Kwakufanele afune abantu asebeyihambile le ndlela ababezombonisa, hhayi ukulalela uDlamini.√/
- Ukuba wayemvumelile umkakhe ukuthi asebenze, mhlawumbe kwakuzoba ngcono ngoba wayezothola ukwesekwa nasesikoleni ayezobe efundisa kuso umkakhe. √

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (3)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek



4.18 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Inkulumo kaMbandlwa iyona emvezayo ukuthi ungumuntu onjani njengoba kuyiyo eyasiza ukumisa uDuma isibindi.√/
- Inkulumo mpendulwano iyasiza nokusivezela isizinda njengoba sibona lapha ukuthi umhlangano wawuzoba sekilasini elalingelikhulu.√/
- Inkulumo mpendulwano iyasiza nokusivezela ukuthi abantu bakusiphi isimo njengoba kuvela ukuthi abantu abeze emhlanganweni bayamhlonipha uDuma. √/
- Inkulumo mpendulwano iyasiza nokuveza udweshu olwalukhona endabeni.√/
- Iyasiza nokuveza izigameko ezazisazokwenzeka njengokuthi lo mhlangano wawuzoba yingqophamlando.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele**

**ISIQESHANA I**

5.1 Ukungena kukaMbhele endlini.√/Ukungqongqoza kukaMthofi.√ (1)

5.2 Kanti awuyanga yini ukuyolanda uMfundisi esibhedlela?√ (1)

5.3 USonto wayesaba ukuthi uMfundisi wayezombona bese eyasho ukuthi nguye owamdubula.√√ (2)

5.4 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayesaba ukuthi uMbhele wayengababamba ngoba wayesanda kuhamba ekhaya.√/
- Wayengenayo imali yokukhokhela uMthofi.√/
- Wayenolwazi lokuthi uma uMthofi efika kwakhe wayemesabisa ngesibhamu.√ (2)

5.5 Umfundisi ungumuntu ohola ibandla√ /uqotho√ /ulungile√ /ubalulekile emphakathini.√ (2)

5.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- USonto uyazi ukuthi uMthofi uyisigebengu esinesihluku esingenza noma yini enganeni yakhe.√/
- USonto wayesaba ukuthi kuzovela amaqiniso ngokufa kukaMaNtuli.√/
- UZinhle wayesezothwala izono namacala kaSonto.√/
- Lokhu kwakuzokwenza ukuthi achaze kuMbhele ukuthi yini eyabe imhlanganise noMthofi.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

5.7 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- UMthofi wayesekhathele uSonto elokhu enza izethembiso zokumkhokhela kodwa angamkhokheli.√√/
- UMthofi wayebona ukuthi uSonto umenza isilima.√√/ (2)
- Akamvakashelanga ejele ngenkathi eboshiwe. √√

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek



5.8 Kwaba nomthelela omubi.
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Kwakuzofaka impilo yomndeni wakhe engozini ngoba uSonto kwase kufanele athola imaliyokukhokhela uMthofi ngokushesha. √√/
- Impilo yomndeni kaMbhele yabe ingasaphephile ngoba uMthofi wayefika emzini wakhe ephethe isibhamu.√√/
- UMbhele wagcina eshonile ebulawa nguye uMthofi. √√ (2)

5.9 OKUKODWA kwalokhu okulandelayo:

- Simveza njengomuntu ongathembekile √ ngoba wayazi ukuthi umfundisi uhambe nemali, uyasuka uyomngenela.√/
- Simveza njengomuntu wesifazane onesibindi √ ngoba wakwazi ukudubula umuntu weNkosi.√/
- Simveza njengomuntu ongalicabangeli ikusasa lakhe nelomndeni wakhe,√ ngoba isenzo sakhe sasizoba nomphumela omubi emndenini.√/
- Simveza njengomuntu onezimfihlo √ ngoba inkinga eyamenza wadubula umfundisi, uMbhele wayengayazi.√/
- Simveza njengomuntu ozicabangela yena yedwa, √ akazange amcabangele umfundisi ukuthi umzwisa ubuhlungu ngento ayengahlangene nayo, akamcabangelanga noMaMkhize ukuthi wayezomhluphekisa ngalesi senzo.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

5.10 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Wayesebenzisana noMthofi ekwenzeni ubugebengu, uma uMthofi engena emzini kaMbhele wayegada ngaphandle ukuthi akaqhamuki yini.√√/
- UToronto nguye owayekhuluma kakhulu ngesikhathi umseshi uNhleko ebafica bezungeza umuzi kaMbhele befuna uSonto, wagcina ewaveze wonke amaqiniso ngamacala abawenza, nakhu wayedakwe yinsangu, nokuyikho okwaholela ekutheni baboshwe benoSonto.√√/
- Wagcina esengufakazi wenkantolo ecaleni likaSonto.√√ (2)

5.11 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
**Yebo basekhona ngoba,**

- Buningi ubugebengu ezweni obenziwa ngabantu abafana noMthofi njengokubulawa kwabantu basembonini yamatekisi.√/
- Buningi ubugebengu obuhleliwe obenziwa ngabantu ngoba befuna imali esheshayo njengokubamba izimoto zemali.√/
- Ziningi izigameko ezibikwayo zabantu abathengwayo ukubulala abantu abashade nabo ngoba begaqele amafa.√/
- Baningi abantu ababulawa kungenasidingo bebulawa ngabantu abafana noMthofi abangakwesabi ukubulala.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

**KANYE**

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek



**ISIQESHANA J**

5.12 NguMbhele.√/Umyeni kaSonto.√/ubaba kaZinhle√ (1)

5.13 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- UMthofi wayefonela uSonto emazisa ukuthi usembulele uMbhele.√/
- Wachaza ukuthi benza kanjani ukuze bamthole kahle bambulale uMbhele.√/
- Washo nokuthi imoto kaMbhele bayishisa ukuqeda ubufakazi. √/
- USonto wababonga oMthofi bathi abafuni ukubongwa ngomlomo kodwa bafuna imali.√/
- UMthofi watshela uSonto ukuthi akayolungisa indaba yemali yomshuwalense.√/
- UMthofi wathi kuSonto uma engakhokhi bazomdubula.√/
- Wamyala ngokuthi angalinge abhayize.√/ (3)

5.14 Ukuboshwa kukaSonto, uMthofi noToronto ngamacala okubulala . √√ (2)

5.15 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UNhleko waluqala ngokushesha uphenyo ngokudutshulwa koMfundisi.√/
- Washeshe wabuya ukuzophenya uSonto ezombuza ukuthi wayekuphi ngobusuku okwadutshulwa ngabo umfundisi.√/
- Waya kuMaMkhize eyobuza ukuthi wagcina nini uSonto ukuzobavakashela.√/
- Wagada umfundisi esibhedlela ngoba wayesephapheme, enzela ukuthi owayemdubulile angakwazi ukubuya azomqedela.√/
- Wasikaza ukubopha uMthofi noToronto ngesikhathi ebathola kwaMbhele, wabaphenya ngokwakubalethe kwaMbhele.√/
- Wambopha ngokushesha uSonto, wawahlanganisa wonke amacala akhe kuhlanganiswa nelokubulawa kukaMaNtuli.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

5.16 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wasebenzisana noMthofi ukwenza ubugebengu.√/
- Impilo yakhe yaba sengcupheni ngoba wayehlala ehamba noMthofi owayehlala ephethe isibhamu.√/
- UMthofi noToronto babephuza utshwala bebhema nensangu.√/
- UToronto wagcina eboshiwe kanye noMthofi.√ (2)

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.)

5.17 Imibono iyokwehlukana.
**Abathi bayazwelana naye bayothi.**
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- USonto wayengasebenzi engenayo imali yokukhokhela uMthofi√/
- Umuntu akakwazi ukucabanga kahle uma ethukile, yikho okwamenza wangena kakhulu obishini.√/
- Isimo ayebheke naso sagcina sesihlukumeza umndeni wakhe wonke. √/
- Imali ayeseyizamile ukukhokhela uMthofi yathathwa uDlamini.√

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek



**Abathi abazwelani naye bayothi:**
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- USonto waba nobudlelwano noMbhele ngoba ethanda izinto, akekho owayemphoqile.√/
- Umuntu kumele awuhloniphe umphefumulo womunye umuntu, angahambi ebulala, njengoba ahlela ukubulala uMaNtuli, uMfundisi noMbhele.√/
- Ziningi izindlela ayengazizama uSonto zokuthola imali ngaphandle kokubulala, njengokuya komashonisa.√/
- Umuntu ohlakaniphile wayeyoba nemadlana ayibekile, ukuze uma kufika izikhathi ezinzima angahlupheki, wayengeke axakeke uma sekuphume uMthofi ejele.√/
- Wayengeke ayifihle ngaphandle imali ngoba ziningi izindawo ayengafihla kuzo endlini.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi). (3)

5.18 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:

- Inkulumo kaMthofi iyona emvezayo ukuthi ungumuntu onjani njengoba ezincoma ngokubulala uMbhele.√/
- Inkulumo mpendulwano iyasiza ngokusivezela isizinda njengoba sibona lapha ukuthi oMthofi basendaweni engalapho kwenzeke khona isigameko sokubulala uMbhele.√/
- Inkulumo mpendulwano iyasiza ngokusivezela ukuthi abantu bakusiphi isimo njengoba kuvela ukuthi uSonto wayethokozile ngomsebenzi owenziwe nguMthofi.√/
- Inkulumo mpendulwano iyasiza ngokuveza udweshu olwalukhona endabeni ngoba uSonto wayesehluleka ukufeza izethembiso zakhe zokukhokhela uMthofi.√/
- Iyasiza ngokuveza izigameko ezazisazokwenzeka njengokuthi uSonto wayesazokhokha enhle imali.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi). (2)
**[35]**

**NOMA**

**UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu**

**ISIQESHANA K**

6.1 Ukuhamba kukaThenjiwe.√ (1)

6.2 Kodwa ungichazile uDumisani. Wajika eduze njengenkalankala.√ (1)

6.3 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Yingoba uMaMbatha wamenqabela uThenjiwe ngesikhathi emcela ukuthi agoduke.√√/
- Yingoba uThenjiwe wayengasafuni vele ukuhlala kwaZungu.√√/
- Wayecasulwa ukuthi ilungelo lakhe lalingahlonishwa.√√/
- UMaMbatha wayembiza ngomdlwembe okwenza uThenjiwe wangabe esamhlonipha umamezala.√√ (2)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek



6.4 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Wayengakholelwa kuleli siko lokungenwa. √/
- Wayebona ukuthi licindezela yena njengomfelokazi.√/
- Lincisha umuntu ithuba lokuzikhethela.√/
- Lalimphoqa ukuthi avume ukugana uDumisani lo ayengamthandi.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

6.5 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayesola ukuthi umakoti akalazi isiko lokungenwa.√√/
- Wayesola nokuthi isiko leli alichazwanga kahle kumakoti.√√/
- Wayebona sengathi isiko leli kufanele libhekisiswe ukuthi aseliphelelwe yisikhathi yini.√√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

6.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Abazali bakhe bamhlalisa phansi bambonisa ngokubaluleka kokungena umka mfowabo.√/
- UDumisani wathi ubona kungaba kubi ukuthi uThenjiwe ahambe kwaZungu.√/
- UDumisani wathi kuThenjiwe akamnikeze ithuba baxoxe bobabili ngalolu daba.√/
- UDumisani wayesekhombisa ukuba nesikhwele uma ebona uThenjiwe esehamba nomunye umuntu wesilisa, uSipho √/
- Wayesekholelwa esikweni lokungena ayesechazeliwe ngalo.√ (2)

6.7 UMaMbatha ubona uZungu njengomuntu ocabangela kakhulu uThenjiwe engabe uyamphoqelela ngaleli siko angamncengi.√√ (2)

6.8 Kwaba nomthelela omubi ngoba,
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UMaMbatha wagcina engasathandi ukuthi uNondumiso eze emzini wakhe.√/
- UMondise wagcina ethe kuNondumiso akangabe esabuya ekhaya kubo, kodwa ahlale emzini wakhe.√/
- UMondise wathi kuNondumiso akangabe esaya kwaZungu ngoba wonisa uThenjiwe emzini wakhe.√/
- Wahlazeka kwabasemzini ngesikhathi ubaba wakhe emthethisa.√ (2)

6.9 OKUKODWA kwalokhu okulandelayo:
- Simveza njengomuntu onesibindi sokubulala√ ngoba uphoyizeni awufaka etiyeni wawuzombulala uDumisani.√/
- Simveza njengomuntu ongalicabangeli ikusasa lakhe √ ngoba ukuba waboshwa wayezobhadla ejele, abazali bakhe baphatheke kabi.√/
- Simveza njengomuntu ongabacabangeli abazali bakaDumisani √ ngoba base bezongcwaba indodana yabo yesibili.√/
- Simveza njengomuntu ongakwazi ukuzilawula √ ngoba uma ecasukile uthatha izinqumo ezinobungozi.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek



6.10 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:
- Wayekwazi ukuchithisa uThenjiwe isizungu njengoba uThenjiwe ayeseshonelwe ngumyeni wakhe.√√/
- Nguye owabona uThenjiwe efakela uDumisani ushevu etiyeni, waxwayisa umfowabo ukuthi angabe esaliphuza.√√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

6.11 **Basekhona ngoba,**
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UMondise wayekhombisa ukungamcabangeli uThenjiwe nemizwa yakhe, ngoba efuna kugcine intando yakhe, lokhu sikubona kakhulu kobaba abangozwilakhe.√/
- Maningi amadoda afana noMondise enza sengathi uvo lwamakhosikazi alubalulekile njengoba noMaMkhize ayengenalo iqhaza alibambile ezindabeni zomkhaya.√/
- Akhona amadoda akhombisa ukuzicabangela asebenzisa ilobolo lezingane zawo ukuzicebisa, ngoba ukuba uMondise wahambisana noThenjiwe kwakuzodingeka aphindisele izinkomo zakwaZungu emuva, lokhu okwakubukeka kungaselula.√/
- Maningi amadoda okuthi uma ehilene nengane yakhe angahlali nayo phansi ayilalele njengoba uMondise wavele waxosha uNondumiso wathi akahlale lapho egane khona angabe esabuya kubo.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi.) (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA L**

6.12 Kwakungumngani kaThenjiwe.√ (1)

6.13 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- UMaMbatha wafika kwaMondise ehamba ekhala ethi uDumisani ugwazwe yizigebengu/yisoka likaThenjiwe.√/
- UThenjiwe wazihlangula yena wathi akanasoka.√/
- UMondise wathi akangalokhu ekhuluma ngoba usebulele umuntu.√/
- UThenjiwe wazama ukuchaza ukuthi uDumisani walimala ngenkathi uSipho ezama ukumvikela ngesikhathi eshaywa nguDumisani.√ (3)

6.14 UThenjiwe wagcina evuma ukushada noDumisani bahlala ngokunethezeka.√√ (2)

6.15
- UMaNzuza simthola ehlangana noThenjiwe emtshela ukuthi izindaba zokungenwa bekumele zikhulunywe esekhumule inzilo.√
- UMaNzuza wabonisa uMaMbatha ukuthi akangabizi umakoti ngomdlwembe kodwa akamchazele kahle ngesiko. √ (2)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek



6.16 **Kwayithinta kahle ngoba,**
Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- UDumisani wazithola esamukelekile ngokuphelele empilweni kaThenjiwe. √/
- Yashintsha ngoba baba nobudlelwane obuhle ezinhlangothini zombili. √/
- UMondise wakhululeka ngoba wayengasalindelekile ukuthi abuyisele izinkomo zakwaZungu.√/
- KwaZungu bakujabulela lokhu ngoba babevele bemthanda umakoti wabo bengafuni ukuhlukana naye.√/ (2)
- Ababenenzondo nokuthukuthela, baxolelana. √

6.17 Imibono iyokwehlukana.
**Abathi bayazwelana naye bayothi.**
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- UMondise njengomzali kaThenjiwe kwakufanele aphatheke kabi uma ingane yakhe ihlangabezana nezinkinga emendweni.√/
- Ukubuya kukaThenjiwe ekhaya kubo kwakusho ukubuyela kwezinkomo zabakwaZungu emuva, njengokusho kukaMaMbatha.√/
- Njengomnumzane wendawo kwakumthela ngehlazo ukubuya kwendodakazi yakhe emendweni.√/
- Ukuxabana kwakhe noNondumiso kwakungamdalela ingcindezi.√

**Abathi abazwelani naye bayothi.**
Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Kufanele ahlazeke ngoba unguzwilakhe, akabonisani noMaMkhize. √/
- Akazange akhombise ukuzwelana noThenjiwe ngesikhathi esebunzimeni.√/
- Ilungelo likaThenjiwe lokuzikhethela akazange alishaye mkhuba. √/
- Wayezicabangela yena yedwa ngoba esaba ukukhipha izinkomo esibayeni sakhe ziphindele kwaZungu.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi) (3)

6.18 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- Inkulumo kaMaMbatha iyona emvezayo ukuthi ungumuntu onjani njengoba ekhuluma izinto ezingekho ngoThenjiwe.√/
- Inkulumo mpendulwano iyasiza nokusivezela isizinda njengoba sibona lapha ukuthi bakwaMondise, uMaMbatha ezobika ngokugwazwa kukaDumisani.√/
- Iyasiza nokusivezela ukuthi abantu bakusiphi isimo njengoba kuvela uMaMbatha ekhala ememeza ebalisa ngendodana yakhe esisele iyodwa ezofa ibulawa isoka likaThenjiwe. √/
- Inkulumo mpendulwano iyasiza nokuveza udweshu olwalukhona endabeni njengoba uThenjiwe ebuye ekhaya kubo ngoba engezwani nesicelo sabantu bakwaZungu sokuthi avume ukungenwa nguDumisani.√/
- Iyasiza nokuveza izigameko ezazisazokwenzeka njengokuthi uDumisani wayengase ashone kumbe uThenjiwe aboshwe.√

(Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi). (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek



**ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE**

***IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli (Umhleli)**

**UMBUZO 7**

7.1 **'USIHAWU NESIHAWU' – NE Mbesa**

**ISIQESHANA M**

7.1.1 Wayesakazela/wayepha izinkukhu umgqakazo/ummbila. √ (1)

7.1.2 OKUBILI kwalokhu okulandelayo:
- Yini Bathobile? √/
- Ungasho ukuthi usuhlulwe umsebenzi? √/
- Ucabanga ukuthi uzophila ngani na mame? √ (2)

7.1.3 Ngicela uvele uyeke, ngoba njengoba uthunuka amanxeba ayo nje, nakimina kubuhlungu.√√ (2)

7.1.4 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- USihawu wagijimisa uBathobile waze wamfica wambamba. √/
- Wamnukubeza ngokocansi. √/
- Waxolisa ngesenzo esibuhlungu ayemenze sona. √/
- Wameshela. √/
- Wathembisa ukuthi uyomthatha, waze wamnika newashi lakhe njengesibambiso.√ (3)

7.1.5 Umlingiswa omkhulu nguSihawu. √ Ngoba …
Nguye esivezelwe yena esingenisweni sendaba enenkinga abhekene nayo yokungabatholi abantwana.√ (2)

7.1.6 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo:
- USihawu wayehlezi phezu kwedwala ecabanga ngenkinga ayesezobhekena nayo ayekade engayazi. √/
- Ucabanga ngamazwi awatshelwe ngudokotela okuthi ngeke abathole abantwana. √/
- Wayecabanga ngokuphuthelwa yifa ayezolithola kuyise ngoba uyise wayebeke umbandela wokuthi ifa lakhe liyotholwa yilowo oyozala inkosana kuqala.√ (2)

7.1.7
- Amantombazane kaSihawu ayenezinwele eziphothene. √
- Kwakungesizona ezikaSihawu izingane, kwakungezeNdiya uBathobile benonina ababelisebenzela kwaMaqhilika.√ (2)

7.1.8 B/Akhale kakhulu futhi.√ (1)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek



7.1.9 Imibono iyokwehlukana.

**Abazwelana naye bayothi:**

Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Kubuhlungu ukubona ingane yakho ikhombisa ukungahloniphi emzini ngoba lokho kubeka isithombe esibi ngomndeni evela kuwo.√/
- Ugogo wayezele, ngakho-ke wayenalo uzwelo ngoBathobile.√/
- Ugogo ubona ukuthi kukhombisa ubulukhuni benhliziyo bukaMaZulu ukungamzweli umntwana oshonelwe ngunina.√/
- Isenzo sikaMaZulu sasimhlukumeza umyeni wakhe, okwakumfakela ihlazo ugogo.√

**Abangazwelani naye bayothi:**

Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:

- Ukuba akazange eze azohlala lapho kugane khona indodakazi yakhe, ngabe akayiboni yonke le mikhuba yendodakazi yakhe.√/
- Ungumama owehlulwa ukukhulisa kahle eluleke indodakazi yakhe.√/
- Usebeka umbono emzini wendodakazi yakhe, okuyinto enganambitheki.√/
- Umkhwenyana ngeke esakhululeka ukukhuluma nokushaya umthetho emzini wakhe uma kukhona umkhwekazi.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (3)

**KANYE**

7.2 **'MHLA LIDUMA LADUMA' – MJ Mngadi**

**ISIQESHANA N**

7.2.1 Wayecasulwe yindaba yencence.√ (1)

7.2.2 UNomvula MaDuma owayegane kwaMkhizwana.√ (1)

7.2.3 OKUBILI kwalokhu okulandelayo:

- Yafaka imithwalo yayo ngaphansi kwesihlalo eside.√/
- Yahlala yazotha yasonga izandla.√/
- Yalalela umculo owawuculwa.√ (2)

7.2.4 Wavele wawuhlaba inhlali, akazange aze asho lutho.√√ (2)

7.2.5 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo.

- Le ndatshana ikhuluma ngoLaduma owayentshontshe amatshe ayigugu namadayimane eKhimbali.√/
- Wenza ubugebengu ngokufihla amadayimane emikhwintsheni yengane, ayelokhu eyibeka endlini encane.√/
- Umkakhe uMaDuma wenza ubugebengu wenza sengathi abazani kanti wayengunina wengane uLaphazima.√/
- Wakhuluma iphutha enza ubugebengu ngokuthi athi umkakhe uNoziphepho useThekwini.√ (2)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek



7.2.6 C√/Walala wabheka phezulu emise amadolo.√ (1)

7.2.7 Amaphuzu AMABILI kwalandelayo.

- Isingeniso sale ndaba asisheshi simveze umlingiswa omkhulu, esikhundleni salokho siveza abanye abalingiswa oNyandeni nomkakhe uMaNyambose. √/
- Inkinga ebhekene nomlingiswa omkhulu ayiveli esingenisweni sendaba, wasibikela ngensizwa eyayibukeka inosizi eyayihamba nengane encane.√/
- Isizinda sesikhathi nesendawo siyavela esingenisweni sale ndaba.√/
- Umbhali akakwazanga ukusivezela igama lomlingiswa oqavile ngokusobala, wayelokhu embiza ngensizwa.√ (2)

7.2.8 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Umbhali wayefuna ukusikhumbuza ukuthi ingalo yomthetho yinde. ULaduma wayezame ngakho konke ukufihla ubugebengu bakhe kodwa ekugcineni wabanjwa.√√/
- Amaphoyisa asebenza ezindaweni ezahlukene ayakwazi ukubamba izigebengu ngokusebenzisana.√√/
- UPhakathi wasebenzisa ubuchule, wakwazi ukuhamba ezenza isidakwa kanti ungumseshi.√√/
- Abantu bayakwazi ukusebenzisa ngisho izingane ezincane ukwenza ubugebengu, nakhu uLaduma wayehlezi nengane ekhalayo esitimeleni.√√
  (Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi) (2)

7.2.9 Asamukelekile ngoba:

- Ingane yayingagcina ingenwa yizifo ngokuhamba iphathwa ngabantu engabazi. √/
- Kwakungayingenisela izifo ingane uma incela kumuntu ongaziwa ngesimo sakhe sempilo.√/
- Ingane ingalimala uma sekufika amaphoyisa esedubula.√/
- Kuyilungelo lengane ukuthi ihlale ekhaya ivikeleke/iphephe.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

7.2.10 Izimpendulo ziyokwehluka.
**Abavumayo bayothi**:
Ngiyavumelana ngoba …
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Wayebucabange kahle ubugebengu bakhe bokushushumbisa amadayimane, ngoba wayesebenzise ingane encane engeke iseshwe kalula ngamaphoyisa.√√/
- Amadayimane wayewafihle emikhwintsheni yengane. √√/
- Isiteshi nesiteshi amaphoyisa ayengena kukhompathimenti eyayinoLaduma, ayethola ibhakede lemikhwintsho enamadayimane selindlini encane.√√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek



**Abangavumi bayothi**
Angivumelani ngoba …
Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Ukuba wayenobuhlakani wayengeke abanjwe. √√/
- Kwakufanele asebenzise isithuthi sakhe yedwa hhayi isithuthi somphakathi. √√/
- Yahlukumezeka ingane ngesikhathi ehamba nayo. √√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi)

(2)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek



**ISIQEPHU D: IZINKONDLO**

***AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala**

**UMBUZO 8**

8.1 **'KUYOSALA IZIBONGO' – TB Qwabe**

8.1.1 Wayengathethi manga okaNdaba√ (1)

8.1.2 Imisho EMIBILI kwelandelayo:
- Ezazigijima mzila munye nezingwenya ezibulalayo, √/
- Zibhukuda mfula munye nezingwenya ezibulalayo, √/
- Zibanga amaqele namabhubesi abulalayo, √/
- Zidwanguza amahlathi nezingwe ezibulalayo.√ (2)

8.1.3 Imisho EMIBILI kwelandelayo:
- Imigqa yenkondlo mide. √/
- Ivalekile.√/
- Isimo sokukhathazeka imbongi eyabe ikuso sinawo umthelela ekuhambeni kancane esigqini senkondlo. √/
- Yindlela esebenzise ngayo amagama emigqeni yenkondlo.√/
- Umyalezo wayo inkondlo uveza ukukhathazeka.√ (2)

8.1.4 Imigqa ye-14 kuya kowe-17
E …
E …
E …
E …√√ (2)

8.1.5 C/Inzwa yokuhogela.√ (1)

8.1.6 Ukwenzasamuntu.√√/Isenzasamuntu.√√ (2)

8.1.7
- Imbongi ithi amabutho awagezwanga, √
- Akekho owathi shwele kuwona.√ (2)

8.1.8 Amaphuzu AMATHATHU kwalandelayo:
- Ukuxoshiswa ngezinkomo ngomsebenzi asuke ewenzile. √/
- Ukunxeshezelwa uma kukhona amabutho alimele/asekhubazekile. √/
- Ukuklonyeliswa ngamanxiwa. √/
- Ukubonelelwa komndeni ngumbuso uma kukhona ibutho elifele empini. √

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi). (3)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek



8.1.9 Iphuzu ELILODWA kwalandelayo:

- Ukufa/ukulimala kwabantu bomphakathi/namasotsha.√/
- Ukufa/ukulimala kwengqalasizinda.√/
- Imfundo yezingane iyaphazamiseka.√/
- Imvamisa ngabantu besilisa abaya empini kwenza ukuthi amakhaya asale engasenazo izinhloko zamakhaya.√/
- Abantu baphelelwa yimisebenzi uma sekushe izindawo zemisebenzi.√/
- Ukuhlala ngokwesaba.√/
- Ukukhinyabezeka kwengqondo.√

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo ngumfundi). (2)

**KANYE**

8.2 **'UNOZIDUMO' – LMMS Madondo**

8.2.1 Yimpi.√ (1)

8.2.2 Impendulo EYODWA kwezilandelayo:
**Ngikubonile** mntanomuntu uyiphaka,
**Ngikubonile**√ nkosazana uyididiyela √

- Ukuxhumana siqalo√/

**Ngikuzwile** mntanomfazi uyiyalela
**Ngikuzwile**√ ngane yabantu uyikhakhabeza, √

- Ukuxhumana siqalo√ (3)

8.2.3 Ukucoboshiswa. √ (1)

8.2.4 Yaqala yahlasela kuNtshebende.√ (1)

8.2.5 … mntanomuntu …
… nkosazana …
… mntanomfazi …
… ngane yabantu … √√ (2)

8.2.6 Imbongi ikwazile ukukhetha amagama anikeza isithombe ngento eyenzekayo, njengokuthi uma imbongi ithi kwagxabhazela izisu emadodeni, isho ukuthi amadoda athuka kakhulu kwaze kwaba sengathi aphendukelwa yizisu ngenxa yovalo.√√ (2)

8.2.7 Imbongi igcizelela ukudideka ngazo zonke izinto ezenziwa nguNozidumo nezinkinga ezadalwa yile mpi ayiphaka.√√ (2)

Soek jy 'n fantastiese tutor? www.teachme2.com/matriek



8.2.8 Ngo**l**aka nesankahlu se**l**uxu,

**L**okwahlu**l**eka kuNtshebende,

Wayikhomba ngo**l**aka o**l**uphindiwe √√ (2)

8.2.9 Igama lokuphaka kule nkondlo lisho ukuyikhipha impi ngezigaba zayo isiyolwa/isiyohlasela.√√ (2)

8.2.10 Ngumuntu wesifazane ongenalo uzwelo okuba sengathi akazalanga, njengoNozidumo owakhipha impi ukuthi ihambe ilwa namanye amazwe.√√ (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**